120921

# NOBAMBA KATAZA COMMUNAL PROPERTY ASSOCIATION PRESENTATION

Chairperson of committees, members of parliament and all different organizations present I greet you all.

Igama lami ngingu Bongani Ntombela ngimele inhlangano uNobamba Katazo Community Property Association. Ngivela KwaZulu Natal ngaphansi kwesifunda saseBabanango. Indawo engizokhuluma ngayo kwakuyindawo yokhokho bethu. Sebephile kulendawo iminyaka engaphezu kwewu-100.

Ngemuva kwempi kaCetshwayo uhulumeni wobandlululo wephuca okhokho umhlaba wabo, wawucana, wawunikeza amabhunu amapulazi. Okhokho bethu wabaphendula izikhonzi (labor tenants) kuloyo mhlaba. Basebenzela lamabhunu izinyanga eziwu-6 bengaholi, benikezwa utsenge (uketshezi olulahlwayo - oluphuma makwenziwa u-cheese noma ibhotela).

Amabhunu ashayela okhokho umthetho othi kumele badayise izinkomo zabo. Okhokho babephila ngokulima nokufuya. Ngakhokhe loku kwaba ukuqala kokuhlupheka nokuntuleke kokudla. Owayengahambisani nalenqubo yepulazi wayexoshwa.

Ngo-1992 ngemuva kokudedelwa kwaMongameli wokuqala wentando yeningi sahlangana singabahlali base pulazini sabonisana mayelana nenhlalo eyayinzima. Ngalesosikhathi umnumzane Harris wayefika emakhaya ethu no-Bulldozer bakhe adilize umizi yabahlali abazama ukulungisa izindlu ezazidilizwe imvula. Sabe sesifaka isicelo sokuthengelwa umhlaba esihleli kuwo kuhulumeni wentando yeningi.

Ububanzi balelipulazi esasifuna ukuthengelwa lona liwu-1,700 ha. Sibambisene noHulumeni sadweba uMthethosisekelo ngenhloso yokuthi sifuye silime futhi senze amabhizinisi. Sabe sesiyi-register inhlangano yethu njenge CPA– sayibiza ngokuthi iNobamba Katazo Communal Property Association. Itayitela lalomhlaba salithola ngo-2002. Kulomhlaba siyizakhamuzi eziwu-150.

Sesithi siyazinza kulomhlaba phakathi 2007 no 2009 amakhosi, athengisa umhlaba wethu ngaphandle kokusazisa njengabanikazi bomhlaba, avele awucanacana abeka abantu emhlabeni esiwusebenzisela amadlelo emfuyo yethu abakhokhisa inkomo noma u R1,500 ongena emakhukhwini abo ungezi kubanikazi bomhlaba okuyi-CPA.

Ngesikhathi lomhlaba umnikazi wawo kuseyibhunu lepulazi – akukho neyodwa inkosi eyake yacabanga ukusondela kulelibhunu bathengise umhlaba walo. Kodwa uma wona lomhlaba sesiwuthengelwe uhulumeni njengabantu abamnyama– ngaphandle kokusazisa amakhosi awudayisela abantu abangeyona ingxenye yomphakathi wethu. Babamba imihlangano emhlabeni wethu ngaphandle kwemvume yethu. Sebehlukanise umphakathi bewufaka umoya ongelona iqiniso – bethi itayitela esiliphethe njenge-CPA alikho emthethweni..

Kodwa abakaze bakuphenye bathole iqiniso lako ngaletayitela esinayo. Lesisenzo yesinye sezenzo ezenza ukuthi uhulumeni wethu ezwe sekuthiwa kukhona abantu asebeshonile ezimpini zombango, eziba sezindaweni zasemakhaya. Ngikhuluma nje bona lababantu esingabazi ukuthi basuka kuphi besuswa yini – bayasisongela njenge-CPA ukuthi masiqhubeka nemizamo yokubakhipha kulomhlaba wethu kuzochitheka igazi. Loku kusemaminithini omhlangano esasicele amapolisa ase-Babanango Police Station ukuthi abe ingxenye ngokwesabela izimpilo zethu. Ubukhosi siyabuhlonipha kakhulu ngoba buyinsila yethu. Kodwa siyadabuka ukusho ukuthi bona abasihloniphi futhi indlela abenza ngayo iyatshengisa ukuthi abanandaba nokuphepha komphakathi wethu. Kodwa abakufunayo ukudayisa umhlaba wethu – basenzele ububha – badle imali abasiqhatha ngayo nemiphakathi abayithengisela abantu bakithi.

Lababantu abathengiselwe amakhosi umhlaba wethu bayazilawula bashisa umlilo, bacekela phansi imvelo, babuye bantshontshe nemfuyo yethu. Eminyakeni ewu-6 benginile emhlabeni wethu sesilahlekelwe imfuyo ebalelwa ku-500. Usungabala ukuthi ymalini njengoba inkomo iyinye Ibiza phakathi kuka R5,000 kuya ku- R10,000.

Zonke lezigameko siyazibika emapoyiseni naseNkantolo kaMantshi siyawavula amacala agcine emisiwe. Umbuzo ukuthi uma kungabantu abamnyama abavele bangene epulazini lomlimi omhlophe kuyenzeka yini amapoyisa ahluleke ukukhipha abantu abamnyama abangene ngenkani epulazini? Uhulumeni wenza njani uma abamnyama bengene epulazini. Thina masiyobika lenkinga eNkantolo kaMantshi uthi icala asilidlulisele kwi-Land Claims Court. Inkosi yakwaBiyela eNkandla isisuke eNkandla yazokwakha umkhukhu ngenhloso yokuzofuya izinkomo zayo emadlelweni ethu ngaphandle kokuxhumana ne-CPA noma nomphakathi. Kodwa ngokuxhumana nalabantu abathengiselwa umhlaba wethu amakhosi.

Iziphakamiso

**Iziphjakamiso mayelana neTCB**

- Uhulumeni akaqala emphathini yasemakhaya okuyiyona ezwela ubuhlungu bokugcindelwa amakhosi afuna ukuzinothisa ngegazi lokhokho bethu kanye nathi.
- Uhulumeni akeze emiphakathini yasemakhaya azosifundisa ngalomthetho. Akhumbule ukuthi sasebeza emapulazini sibancane asibanga nalo ithuba lokufunda okusho ukuthi mayememezela emaphepheni kufana nokuthela amanzi emhlane wedada. Ngoba nogesi awukho emphakathini yethu nabangase basenayo imali yokuthenga ama-radio abanawo ugesi wokudlala ama-radio emzini yabo. Siyezwa ukuthi abaholi bethu bathi baya emphakathini ukowazisa ngalomthethosivivinyo. Thina asikwazi loku. Abantu abasifundisa basixwayisa ngalengwadla yale-Bill izinhlangano ezizimele zaKwaZulu Natal okuwu-Rural Women's Movement esebenzisana no-AFRA.
- Okungabazayo konke loku engikushoyo singangena endizeni naye manje ngiye naye eBabanango ngiyomkhombisa konke loku engikhuluma ngakho – ngoba kulezinsuku silapha kuzwakalile ukuthi kukhona amalunga eKomiti esithi sizokhala kuwona kodwa wona athi thina bantu basemakhaya sifunzwa izinhlangano ezizimele ukukhuluma ngalolusizi esithi sibhekene nalo.

Ukusilulaza loko ngoba akekho noyedwa oseke waya emakhaya ukuyophenya iqiniso lethu siyimiphakathi yasemakhaya. Ngizwa ukuthi phakathi kwethu silapha – kukhona abangaqali ukuzokwenza izethulo zabo kuyo lephalamente. Kodwa angizwa ukuthi yenzani lephalamente ngaloko okwashiwo ngeminyaka eyaqala ngayo le-Bill okuwu-2008.

Sengiphetha ngithi ngiyothokoza kakhulu uma iKomiti elihloniphekile malizithathele isinyathelo esinqala lezizethulo zethu.

Ngiyabonga kakhulu ukuthola ithubo eliyingqayizivele.